

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Rogate, ngomhla ka 05. 05. 2013 26/2013

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 113/95
2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Baba wethu osezulwini, siyabonga umusa wakho kithina esingabantwana bakho ngombhaphathizo. Sicela uMoya wakho oNgcwele ukuba asifundise ukukhuleka, ukunxusa kuwe njengabantwana abathandekayo becela kuyise othandekayo. Sicela egameni leNkosi yethu uJesu Kristu owanqoba ukufa ngokuvuka kwakhe kwabafileyo. Amen.
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Thimothewu 2:1-6a;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 16:23b-33.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 225/187
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
7. **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuMathewu 6:5-15, lithi: "Nalapho nikhuleka, ningabi-njengabazenzisi, ngokuba bethanda ukukhuleka bemi emasinagogeni nasezinhlenganweni zezindlela ukuba babonwe ngabantu. Ngiqinisile ngithi kini: Sebewamukele umvuzo wabo. Kepha wena, nxa ukhuleka, ngena ekamelweni lakho, uthi usuvalé umnyango wakho ukhuleke kuYihlo osekusithekeni; noYihlo obona ekusithekeni uzakukuvuza. Kodwa nxa nikhuleka, ningathemelezi njengabezizwe, ngokuba bathi bayakuzwiwa ngokukhuluma kwabo okuningi. Ngakho-ke maningafani nabo; ngokuba uYihlo uyakwazi enikuswelayo ningakaceli kuye. Ngakho-ke anokhuleka kanje, nithi: Baba wethu osezulwini; malingcweliswa igama lakho; mawufike umbuso wakho; mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini; usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla; usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi; ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi; ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade. Amen. Ngokuba uma nithethelela abantu iziphambeko zabo, noYihlo wasezulwini uyakunithethelela nani. Kepha uma ningathetheleli abantu iziphambeko zabo, noYihlo akayikunithethelela iziphambeko zenu." Amen.
8. **Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, nisakhumbula amazwi esichasiselo sesingeniso somkhuleko weNkosi, na? UMartin Luther uchasisela isingeniso somkhuleko ngokuthi: "UNkulunkulu ufuna ukusikhanga ngalamazwi ukuba sikholve ukuthi yena unguBaba wethu isibili, nathi singabantwana bakhe

isibili, ukuba sicele kuye ngesibindi nangokwethemba konke, njengabantwana abathandekayo becela kuyise othandekayo.” Lamazwi ngiyawathanda kakhulu. UNkulunkulu unguBaba wethu. UNkulunkulu uthanda ukusikhuthaza ukuba siye phambi kwakhe ngomkhuleko, sikhuleke, sinxuse, sibonge, sicele, sikhulume naye. UNkulunkulu ufisa ukusidonsa ngamandla ukuba sibe nesibindi, siye kuye ngomkhuleko, sikhulume naye, simtshele ngokuphila kwethu. Thina singabantwana bakhe isibili. Lomusho omfushane unenduduzo enkulu kakhulu kithina esingabakhe. Singabantwana bakaNkulunkulu. Muhle ngempela lomusho. Singaya kuye. Bathandekayo eNkosini ake sifunde ukuya kuye uBaba wethu osezulwini, sisondele kuye, sikhuleke.

Izwi lentshumayelo yanamuhla liyasifundisa ngokukhuleka. Njengabafundi bakaJesu Kristu siyamcela kuze kube namuhla ukuba asifundise ngokukhuleka. Asifuni ukufunda kumunye umuntu ukukhuleka kodwa sifuna ukufundiswa nguJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Uthini yena ngomkhuleko. Ake sifunde kuye lomfundi esizwa ngaye kuLuka 11 owathi: “Nkosi, sifundise ukukhuleka, njengokuba uJohane naye wabafundisa abafundi bakhe.” Ngempela uJesu Kristu wabafundisa abafundi bakhe ngokukhuleka. “Nxa nikhuleka!”

Okokuqala: “Ningabi njengabazenzisi!” “Ningathemelezi njengabezizwe!” “Ngakho-ke maningafani nabo!” Bandla leNkosi, uJesu Kristu akafuni ukuba sifunde ngomkhuleko kubo abazenzisi, akafuni sifunde ngomkhuleko kubo abezizwe. Emabandleni akithi abathile bayahala, bayalangaselela ukuba njengamanye amabandla bathi, lapha kithi asikwazi ukukhuleka, asikwazi ukukhuleka ngempela. Kungcono kuwo ngokuba bayashisa ngempela uma bekhuleka, bayajuluka, bayaquleka, kusho ukuthi imikhuleko yabo ingcono kakhulu kunemikhuleko yethu. Akunjalo bandla. UNkulunkulu akasisona isithulu. UNkulunkulu uyezwa kahle. UNkulunkulu unguBaba wethu. UJesu Kristu mhla efundisa ngomkhuleko akasabi ukubatshele abafundi bakhe, ukusitshela thina ukuba singabi njengabanye, singafundi kubo kodwa sifunde kuye. Kungcono emazayoni, kungcono kuwo amapentekoste, kungcono kubo abaprofethi bakaBali bayakhuleka ngempela. Umkhuleko awusiyo indlela yokuveza ubungcwele bethu, umkhuleko awusiyo indlela yokufudumalisa umzimba, umkhuleko awusiyo intshumayelo. Umkhuleko uyindlela ikholwa likhuluma ngayo noYise osezulwini. Ngesizotha, ngenhlonipho, ngokuzithoba. Ukukhuluma noBaba osezulwini osithandayo thina esingabantwana bakhe. Mayelana nomkhuleko kufanele ukuba njengasenkonzweni yonke. UPawulu uthi kwabaseKorinte ukuthi: “Kepha konke makwenziwe ngemfanelo nangenhlelo.” Namhlanje kuyimfesheni entsha ezinkonzweni ezithile ukukhuleka kanye kanye, ngisho wonk umuntu osenkonzweni ngesikhathi esisodwa kusuke umsindo omkhulu. Abathile bayafisa ukuthi sikwenze nathi ngoba bathi, kumnandi futhi abaningi bayakwenza lokhu. UJesu Kristu uthi: “Maningafani nabo!” Thina esingabafundi bakaJesu asifundi ngomkhuleko kubo abanye, asifundi ngemifesheni, asifundi kubo abezizwe, asifundi kubo abaprofethi bakaBali, asifundi kubo abathemelizi, sifunda kuye uJesu Kristu othi: “Nxa nikhuleka!”

Okwesibili: Uma sikwenza kahle sikhuluma ngayiphi indlela nobaba wethu osemhlabeni, ngisho lobaba wasekhaya na? Uma sikwenza kahle asisondele noma kanjani kubaba wethu. Asikhulumi noma kanjani nobaba wethu. Asikhulumi noma ngani nobaba wethu. Uma sikwenza kahle siyasondele ngenhlonipho, ngokuzithoba, nokwesaba. Uma ngiya kubaba nomfowethu asikhulumi kanye kanye kodwa sizobeka inkulumo yethu kahle, mhlawumbe kuzoqala umfowethu bese ngikhuluma nami. Asimemezi njengasedisko, asiphakamisi amazwi ethu ngoba sithi uma simemeza kakhulu ubaba uzosinaka kangcono. Siyakhuluma ngesizotha nangokuthula. Kodwa enkonzweni sifuna ukuhlanya. Sifisa ukumemeza ngendlela engenaso isizotha nangokuzithoba. “Ningabi njengabazenzisi!” “Ningathemelezi njengabezizwe!” “Ngakho-ke maningafani nabo!”

Emkhulekweni sikhuluma noBaba wethu osezulwini. Ake sisondele ngesizotha nangokuzithoba, simhloniphe kakhulu kunobaba wethu wasekhaya. Simbize sithi: “Baba wethu osezulwini.” Ngelokhu sivuma ukuthi unguBaba wethu isibili nathi singabantwana bakhe isibili. Siyasondele ngenhlonipho nangenkululeko, njengabantwana basondele kuyise. Simthakazela ngokuthi: “Malingewelise igama lakho, mawufike umbuso wakho, mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini.” Sifisa ukuthi igama lakhe, umbuso wakhe, nentando yakhe enziwa yonke indawo, ikakhulu lapha kithi, lapha sihlala khona makasisize uBaba wethu osezulwini kulokhu. Sesimdumisile sibeke phambi kwakhe izidingo zethu: Isinkwa, intethelelo yezono zethu, nokukhululwa kokubi konke. Simtshele ngomndeni wakithi, simtshele ngomsebenzi wethu, simtshele ngeziguli nangabantu abahluphekile, simtshele ngohulumeni namakhosi akithi, simtshele konke okusithinta noma okuthinta ukuphila kwethu.

UJesu Kristu uMsindisi wethu wathi: “Ngakho-ke anokhuleka kanje!” Ake sihloniphe uMfundisi oyenayena, uJesu Kristu onguMsindisi wethu, sikhuleke njengabafundi bakhe, hayi njengabanye abantu.

Okwesithathu: UJesu Kristu akafuni ukuba sicele intethelelo yezono zethu, singafuni ukuthethelela thina. Ngenxa yalokhu izwi lanamuhla liyagcina ngesifundiso esifundisayo ngokuthethelela lithi: “Ngokuba uma nithethelela abantu iziphambeko zabo, noYihlo wasezulwini uyakunithethelela nani. Kepha uma ningathetheleli abantu iziphambeko zabo, noYihlo akayikunithethelela iziphambeko zenu.” Bakithi eNkosini, ake sibhekisise kahle lesisixwayiso esifela kuJesu Kristu, sicela uMoya wakhe oNgcwele ukuba asifundisise kakhulu ngokuthethelela nangokuthethelelana. Asiphe inhliziy oethanda ukuthethelela abantu abanecala kithi, ikakhulu ebandleni. Singalatlhekelwa intethelelo kaNkulunkulu kithi ngenxa yezinhliziy ezilukhuni. Makasisize kulokhu! Ake siqinisele nasekukholweni ukuthi uyathanda ukuba sikhuleke njengokusho kwezwi lakhe, nokuthi wasithembisa ukuthi uyamukela izicelo zethu ngenxa ka Kristu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, sifundise ngoMoya wakho oNgcwele ukukhuleka njengokusho kwezwi lakho. Sicela egameni likaJesu Kristu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo: 122/105

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyi zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-P. C. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.